


**NguMongameli
uHenry B. Eyring**
UMeluleki wokuQala
kubuMongameli BokuQala



Ukuhloma NgokuLunga

Umprofethi kaNkulunkulu lapha emhlabeni, uMongameli uThomas S. Monson, umemezele ukuba, “Namuhla, sizungezwe izinto eziyizono ezinkulu, ezisihangile, futhi ububi obume ngaphambi kwamehlo ethu.”¹

Ungamangala ukuzwa ukuthi uMongameli uMonson wakhuluma lamagama eminyakeni engu-50 eyadlula? Uma sasizungezwe ububi obukhulu obumangazayo ngalezo zikhathi ezadlulayo, namhlanje bungakanani ububi esihlangabezane nabo? Ngesizathu esilungile, iNkosi yamemezela esikhathini sethu samanje, “Bhekani, isitha sihlange” (iMf&V 38:12).

Impi leyo “thina sonke esibhekene nayo”² yaqala phambi kokuba sizalwe lapha emhlabeni. Futhi iqale phambi kokuba kudalwe umhlaba. Yaqala eminyakeni engamakhulu eyadlulayo empilweni yangokomoya, lapho uSathane walwa khona “wafuna ukuqeda ilungelo lokuzikhethela lomuntu” (uMose 4:3).

USathane wahlulwa kuleyo impi “wasekhishelwa ngaphandle emhlabeni” (Isambulo 12:9), lapho eqhubeka nempi yakhe namhlanje. Lapha emhlabeni “ulwa nabangcwele bakaNkulunkulu, futhi uyabazungeza nxazonke” (iMf&V 76:29) ngamanga, ukukhohlisa, kanye nezilingo.

Ulwa nabaprofethi kanye nabaphostoli. Ulwa nomthetho wokuphinga futhi nobungcwele bomshado. Ulwa nomndeni futhi nethempeli. Ulwa nalokho okulungileyo, okungcwele, futhi okumsulwa.

“Singalwa kanjani kanye nalesitha? Singalwa kanjani nalobubi obubonakala buzungeze umhlaba wethu? Siyini isikhali sethu sokuzivikela? Bangobani abangani bethu?

Amandla eMvana

UMongameli uJoseph Smith wafundisa ukuthi uSathane unamandla kuphele nje uma simvumela.³

Ukubona usuku lwethu, uNefi “ngabona amandla eMvana kaNkulunkulu, ukuthi ehlela phezu kwabangcwele bebandla leMvana, kanye naphezu kwabantu besivumelwano beNkosi, labo ababehlakazeke phezu kobuso bonke bomhlaba; futhi *babehlonyiswe ngokulunga kanye nangamandla kaNkulunkulu enkazimulweni enkulu*” (1 Nefi 14:14; kugcizelelwe).

Singazihlomisa kanjani ngokulunga futhi kanye nangamandla? Sigcina usuku lweSabatha lungcwele futhi sikhloniphe ubuphristi. Senza futhi sigcina izivumelwano ezingcwele, sisebenze ngomlando womndeni wethu, futhi sivakashele ethempelini. Sizama ngawo wonke amandla ethu ukuba siguquke futhi sicele eNkosini ukuba “wenze igazi elihlawulayo likaKristu lisebenze ukuze sithole ukuthethelelwa kwezono zethu” (uMosiya 4:2). Singakhuleka futhi sisebenze ngokusiza abanye bese sithula ubufakazi futhi sisebenzise ukholo kuJesu Kristu.

Futhi siyazihlomisa ngokulunga kanye nangamandla njengoba “sigcina silondoloza ezingqondweni [zethu] njalonjalo amazwi okuphila” (iMf&V 84:85). Sigcina lawo-mazwi ngokuzifaka phakathi emibhalweni engcwele futhi nasamazwini ezinceku zeNkosi ezikhethiwe (bona iMf&V 68:4) emhlanganweni omkhulu wenyanga elandelayo.

Ekulweni kwethu nobubi, kumele njalo sikhumbule ukuthi sinalo usizo kuzozombili izingxenye zeveyili. Abasizi bethu banguNkulunkulu uBaba waPhakade, iNkosi uJesu Kristu kanye noMoya oyiNgcwele.

Futhi abasizi bethu amabutho asezulwini angabonwa. “Ungesabi,” u-Elisha watshela indodana eyayinivalo ngesikhathi bebhekana nebutho lobubi, “ngoba labo abanathi baningi ukwedlula labo abanabo” (bona 2 AmaKhosi 6:15–16).

Akumele sesabe. UNkulunkulu Uyabathanda abaNgcwele Bakhe. Akasoze asilahla.

Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu, ekuphenduleni umkhuleko, ufeze izikhalo zami zokuba angisindise ebubini. Ngiyafakaza ukuthi ngosizo oluvela kuNkulunkulu uBaba, uMsindisi womhlaba, kanye noMoya oNgcwele, singaqiniseka ukuthi sizothola amandla angaphezu kokwanele wokuba sivikeleke kunoma imaphi amandla obubi esihlangabezana nawo.

Ngasosonke isikhathi make sihlome ngokulunga ukuze sibe nokuzithemba ekugcineni kokunqoba kwethu.

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. UThomas S. Monson, “Correlation Brings Blessings” *Relief Society Magazine*, Apr. 1967, 247.
2. “We Are All Enlisted,” *Hymns*, no. 250.
3. Bona *Teachings of Presidents of the Church: Joseph Smith* (2007), 214.

IMFUNDISO EVELA KULOMLAYEZO

UMongameli u-Eyring usikhumbuza ukuba sibhekene nempi yobubi. Ungaqala ngokuhlabelela “We Are All Enlisted” (*Hymns*, no. 250) kanye nalabo obafundisayo. Bese ungahle umeme ukuba babelane ngokuba bavikeleke kanjani ngokulunga niphinde nicabangise kahle ngezindlela zokuvikela umndeni kuSathane, njengokukhetha imibhalo elungileyo, ukubamba imihlangano yomndeni, noma ukuba nobusuku bomndeni. Ungahle ubacele ukuba bakhulekele ukwazi ukuba bangakha kanjani iziviko zomndeni futhi ubagqugquzelele ukuba bakhe isu lokwenza imicabango yabo ifezeke.

INTSHA

Ngangivele sengisithathile isinqumo

NguMadison Thompson

Ngikengathola isifundo esibalulekile ekilasini lamantombazane ngokuba msulwa—isihloko lesa esenza iningi lentsha lingahlaliseka kahle

ezihlalweni zalo. Angisakhumbuli konke engakufunda ngalolosuku, kepha ngiyakhumbula umholi wami ekhuluma ngezinye zemigangatho zakhe—ukuhlala ngasosonke isikhathi umsulwa. Amazwi akhe ahlala nami, ngase-ke ngithatha isinqumo sokuwasebenzisa njengezinye izinto ezibalulekileyo empilweni yami.

Ngolunye usuku ngangigibele ibhasi ngivela emcimbini womdlalo ngiya ekhaya, omunye umuntu othize waqala umdlalo weqiniso kanye noku-phoqwa. Siphethwe isithukuthezi, ezinye zezingane kanye nami sazibandakanya nomdlalo. Ngesikhathi kufika isikhathi sami, ngaphoqelelwa ukuba ngenze into engangiyazi kahle ukuthi yayingalungile. Lena kwakuzoba isinqumo esasizobanzima ngempela ukuba ngisithathe, kepha amazwi womholi wamantombazane aqhamuka ekhandeni lami, futhi ukuthatha isinqumo kwabalula. Nganqaba masishane. Ngangisengisithathile isinqumo ngalokho engangizokwenza kulesosimo.

Ngiyazi ukuthi uma siya esontweni futhi sibeke indawo yezinto esizifundiswayo khona, sizakubusiswa ngamandla angomoya amakhulu futhi sivikeleke kwizilingo zomhlaba.

Umbhali uhlala e-Utah, eMelika

IZINGANE

Gqoka Izingubo Zakho Zokuvikeleka

Kunezinto eziningi ezimbi emhlabeni namhlanje. Kvangeli linjengesiviko lesa esisivikelayo. Funda izinto eziyishumi uMongameli u-Eyring asitshela ukuba sizenze ukuze sizivikele. Dweba futhi upende ngombala isiviko sakho!

1. Gcina usuku lweSabatha lungcwele
2. Hlonipha ubuphristi
3. Yenza futhi ugcine imiyalelo
4. Sebenza ngomlando womndeni
5. Vakashela ithempeli
6. Phenduka
7. Khuleka
8. Sebenzela abanye
9. Thula ubufakazi bakho.
10. Funda imibhalo engcwele



Amandla kaJesu Kristu okuqinisa kanye Nenhlawulo Yakhe

Ngomkhuleko funda lemibhalo ngenhloso yokufuna ukwazi ngalokho ongakhuluma ngakho. Ukuqonda inhloso Yehlangano Yabesimame Yenkululeko kuzolungiselela kanjani amadodakazi kaNkulunkulu ukuze athole izibusiso zangunaphakade?

Ukholo, Umndeni, Inkululeko

“**N**gingenza zonke izinto ngoKristu ongiqinisaayo” (AbaseFiliphi 4:13). “Noma-ke sonke sinobuthakathaka, singakunqoba,” kwasho uMongameli uDieter F. Uchtdorf, uMeluleki wesiBili kubuMongameli bokuQala. “Ngempela kungomusa kaNkulunkulu ukuthi, uma sizithoba futhi sinokholo, izinto ezibuthakathaka zingaba namandla.”¹

UMsindisi wethu uthi kwiMfundiso neZivumelwano: “ngiyohamba phambi kobuso benu. Ngizoba kwesokudla senu nakwesobunxele senu, futhi uMoya wami uyoba sezinhliziyweni zenu, futhi izingelosi zami zinizungeze, ukuze zinithwale.” (iMf&V 84:88).

“UNefi uyisibonelo salowo okade azi, wazwisisa, futhi wathembela emandleni okuqinisa kaMsindisi,” Kwasho iGosa uDavid A. Bednar womGwamanda wabaliShumi namBili. Abafowabo

baNefi bambopha ngezintambo futhi bahlela ukubhuqa kwakhe. Ngesihle bheka umkhuleko kaNefi: ‘O Nkosi, ngokokholo lwami olukuwe, ungengikhulule yini ezandleni zabafothethu; yebo, ngisho *unginike amandla okuthi ngizigqashule lezi zibopho engiboshwe ngazo.*’ (1 Nefi 7:17; kugcizelelwe).

“. . . uNefi akazange akhulekele ukuba izimo zakhe ziguquke. Kepha, wakhulekela amandla okuba aguqule izimo zakhe. Futhi ngiyakholelwa ukuba wakhuleka ngalendlela ngokuba wayazi, wayeqonda, futhi wake wezwa amandla okuqinisa weNhlawulo.

“Angicabangi ukuthi izibopho lezo ezazibophe uNefi zakhumuka ezandleni zakhe nje zawela phansi ngesimangaliso. Kepha, Ngisolela ukuba wayebusisiwe ngokuphikelela namandla angaphezu kwekhono lakhe, ukuthi

‘ngamandla eNkosi’ (uMosiya 9:17) wasebenza futhi watshikiza futhi wadonsa izintambo, eku-gcineni wakwazi ukuhlephula izibopho.”²

Imibhalo eNgcwele kanye nolwazi olungeziwe

Isaya 41:10; Etere 12:27; reliefsociety.lds.org

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. Dieter F. Uchtdorf, “Isipho soMusa,” *iIyahona*, uMeyi 2015, 108.
2. David A. Bednar, “Strength beyond Our Own,” *New Era*, Mar. 2015, 4.

Ake Ucabange Ngalokhu

Amandla kaJesu Kristu okuqinisa kanye neNhlawulo Yakhe kungasiza kanjani ukuthi ubuthakathaka bethu buguquke bube ngamandla.